
UMandla wayehlala emakhaya nogogo wakhe.

Zonke izinsuku uma ephuma esikoleni, kwakufanele aye emfuleni ukuyokha amanzi okupheka nokuwasha.





UMandla wehla entatshananeni eya emfuleni, ephethe ibhakede lamanzi, elingamalitha ayishumi.

Kuyibanga elide kakhulu!

UMandla wafika emfuleni, wagcwalisa ibhakede ngamanzi. Lalisinda kakhulu, kepha waliphakamisa kancane, kancane, walithwala.





Ngokuqaphela okukhulu, uMandla wahamba ethwele ibhakede lamanzi elisindayo. Wanyuka intatshana eya ekhaya. Kwakungumqansa.

Kwakunzima impela!

UMandla wafika ekhaya, ugogo emlindele. Wayefuna ukumethula.

UMandla wayejulukile, ekhathele.

“Gogo, ngikhathele, angifisi nokwenza umsebenzi wesikole,” kukhononda uMandla.





Ngosuku olulandelayo, uMandla wayesakhathele esikoleni.

Uthisha wakhe wayekhathazekile ngesimo sikaMandla. Wayehlala ekhathele zonke izinsuku ngenxa yokukha amanzi ekhaya.

Yini ayengayenza uMandla?

Kwakumele akhe amanzi ahlanzekile emfuleni zonke izinsuku, enze nomsebenzi wesikole.

Wayefuna ukwenza kahle esikoleni. Kepha ukukha amanzi kude, na ngebhakede elikhulu kwakumenza akhathale.





UMandla waba necebo.

Wacela umngane wakhe, uLungi, ukuba amsize ngecebo lakhe. Kwakuzomele bakhe amanzi ngamabhakede amabili amancane amanzi.

ULungi wavuma. Wayenabafowabo nodadewabo ekhaya abazomsiza. Kodwa wayazi ukuthi uMandla wayengenamuntu.

La bangane baya emfuleni ukuyokha amanzi.

Esikhundleni sebhakede elingamalitha ayishumi, bathwala ibhakede elingamalitha ayisihlanu ngamunye. Lokhu kwasiza ukunciphisa isisindo.






Sibonga umngane wakhe uLungi nomusa wakhe, uMandla wayengasakhathali!

Wayengasakhathali ukwenza umsebenzi wesikole, engasakhathali nokuya esikoleni.

Uthisha wakhe wamncoma.

“Wacabanga icebo elihle ukucela uLungi ukuba akusize ngokuyokha amanzi, Mandla,” washo emamatheka.

“Kuyabonakala ukuthi ukhaliphile eZibalweni. Futhi wenze kahle nakulesi sivivinyo sakho!”

